

Akusekho Ukulahlwa



ISABATHA EMINI

Funda Kuleliviki:

Rom. 8:1–17.

Indimana Yekhanda:

“Ngakho-ke akusekho ukulahlwa kulabo abakuKristu Jesu, abangasahambi ngokwenyama, kepha ngokoMoya” (Roma 8:1).

AbaseRoma 8 yimpendulo kaPawule yabaseRoma 7. KwabaseRoma 7 UPawule ukhuluma ngokuxineka, ukwehluleka, kanye nokulahlwa. KwabaseRoma 8 ukulahlwa akusekho, endaweni yako Kukhona inkululeko nokunqoba ngoJesu Kristu. UPawule ubethi KwabaseRoma 7 uma wenqaba ukwamukela uJesuKristu, amava amanikiniki abaseRoma 7 kuyoba ngawakho. Niyoba yizigqila zesono, ningakwazi Ukwenza lokho enikhethaukukwenza. KwabaseRoma 8 uthi uKristu Jesu uninikeza ukukhululwa esonweni kanye nenkululeko yokwenza okulungileyoenifuna ukukwenza kodwa inyama yenu engakuvumi. UPawule uyaqhubeka, echaza ukuthi lenkululeko yathengwa ngenani elikhulu. UKristu iNodana kaNkulunkulu yathathela Kuyo Ubuntu. Kwakuyiyona kuphela indlela ayengahlobana ngayo nathi, abe yisibonelo esiphelele sethu, futhi abe ngothatha indawo yethu afe esikhundleni sethu. Weze “ngomfanekiso womuntu wesono” (Rom. 8:3). Ngenxa yalokho, izimfuno zokulunga zomthetho zingagcwaliseka kithina (Rom. 8:4). Ngamanye amazwi, uKristu wenza ukunqoba isono—kanye nokuhlangabezana nezimfuno zawo zokulunga—kwenzeke kulabo abakholwayo, hhayi njengendlela yokusindiswa kodwa njengomphumela wako. Ukulalela umthetho kwakungazange, kungeke, kwaba yindlela yokusindiswa. Lokhu kwakungumyalezo kaPawule no-Luther, futhi kumele kube ngowethu ngokunjalo.

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha lika-December 2.*

KuJesu Kristu

“Ngakho-ke akusekho ukulahlwa kulabo abakuKristu Jesu, abangasahambi ngokwenyama, kepha ngokoMoya” (Rom. 8:1). Ukuthi “akusekho ukulahlwa” kuchaza ukuthini na? Ukulahlwa kwini? Futhi kungani lokhu kuyizindaba ezinhle na?

“KuKristu Jesu” ngumusho ojwayelekile Ezibhalweni zikaPawule. Ukuba umuntu abe “ku” Kristu Jesu kuchaza ukuthi usemamukele uKristu njengoMsindisi wakhe. Lowomuntu wethembele ngokuphelele futhi usenqumile ukuba enze indlela kaKristu yokuphila ibe ngeyakhe. Umphumela ngubudlelwane obusondelena ngoKristu. “KuKristu Jesu” kuqhathanisiwe “nokuba senyameni.” Futhi kuqhathanisiwe namava abalulwe kwisahluko 7, lapho uPawule echaza umuntu ongaphansi kokulahlwa ngaphambi kokuba azinikele kuKristu, okuchaza ukuthi lowo uyisigqila sesono. Lowomuntu ungaphanso kokulahlwa (Rom. 7:11, 13, 24). Ukhonza “umthetho wesono” (Rom. 7:23, 25). Lomuntu usesimweni esesabekayo sokuba manikiniki (Rom. 7:24). Abeselomuntu ezinikela kuJesu, futhi nenguquko yenzeke ngalesosikhathi ekumeni kwakhe phambi kukaNkulunkulu. Ekuqaleni ubelahlwe njengophule umthetho, manje lowo muntu uma ephelele phambi kukaNkulunkulu, umi sengathi akakaze one, ngoba ukulunga kukaJesu Kristu kumembathisa ngokuphelele. Akusekho ukulahlwa, hhayi ngoba umuntu akasici, akanasono, noma ufanele ukuphila okuphakade (akakufanele!) kodwa ngenxa yokuthi impilo kaJesu ephelele ibekwe endaweni yakhe; ngalokho, akusekho ukulahlwa. Kodwa izindaba ezilungileyo azigcini lapha.

Yini ekhulula umuntu ebugqilini besono na? Rom. 8:2.

“umthetho woMoya wokuphila” lapha uchaza ukuthi icebo likaKristu lokusindiswa abantu, ngokuphikisana “nomthetho wesono nokufa,” ochazwe kwisahluko 7 njengomthetho isono esilawula ngaso— isiphelo sawo kungukufa. Kunalokho umthetho kaKristu uletha ukuphila nenkululeko.

“Wonke umphefumulo owenqaba ukuzinikela kuNkulunkulu ungaphansi kwamanye amandla. Akaziphethe. Angakhuluma ngenkululeko, kodwa usebugqilini obesabekayo. . . . Esazibhuka ngokuthi ulandela intando yakhe, Ulalela intando yenkosana yibumnyama. UKristu weza ukuzogqabula izibopho zobugqila besono emphefumulweni.”—Ellen G. White, *The Desire of Ages*, p. 466. Ngabe uyisigqila, noma ukhululekile kuKristu na? Ungaqiniseka kanjani na?

Lokho Umthetho Owawungakwazi Ukukwenza

Nakuba ulunge kangakanani, “umthetho” (owokugubha, owokulunga, noma yomibili) awukwazi ukusenzela lokho esukudinga kakhulu, okungukusinikeza indlela yokusindiswa, indlela yokusindisa thina ekulahlweni nokufa okulethwa yisono. Ngalokho, sidinga uJesu.

Funda abaseRoma 8:3, 4. Yini uKristu ayenza umthetho, ngokwenvelo yawo, ongeke wakwazi na?

UNkulunkulu wahlinzeka ngesisombululo ngoku “thumela iNododana Yakhe ingumfanekiso womuntu oyisoni,” futhi “walahla isono enyameni.” Ukuba ngumuntu kukaKristu kwakuyisinyathelo esisemqoka ecebeni losindiso. Kuyinto efanele ukuphakamisa Isiphambano, kodwa ekusebenzeni kwecebo losindiso, impilo kaKristu “emfanekisweni wesoni” kwakusemqoka kakhulu, futhi. Ngenxa yalokho uNkulunkulu akwenzile ngokuthumela uKristu, manje sekungenzeka ukuba sifeze izimfuno ezilungileyo zomthetho; okungukuthi, Ukwenza izinto ezilungileyo ezifunwa ngumthetho. “Ngaphansi komthetho” (Rom. 6:14), lokhu kwakungeke kwenzeka; “kuKristu” sekungenzeka manje.

Kepha, kumele sikhumbule ukuthi Ukwenza lokho okufunwa ngumthetho akusho ukuthi ukugcina umthetho kahle kuzosizuzisa usindiso. Akukaze kubenjalo. Kwakungukuphila impilo uNkulunkulu asinikeza amandla okuiphila; kuchaza impilo yokulalela, leyo kuyo “esibethele inyama nezinkanuko zayo” (Gal. 5:24, NKJV), impilo kuyo esiveza isimilo sikaKristu. “Hamba” KwabaseRoma 8:4 yisisho esiyisaga esibalula “ukuziphatha kwakho.” Igama inyama lapha lichaza umuntu omubi, ngaphambili noma ngemuva kokulahlwa. Ukuhamba ngokwenyama kungukulawulwa yizinkanuko zomhobholo. Ngokwehlukile, ukuhamba ngokoMoya kungukugcwalisa izimfuno ezilungileyo zomthetho. Ngokusizwa nguMoya oNgcwele kuphela singakwazi ukuhlangabezana nalezizimfuno. KukuKristu Jesu kuphela lapho kunenkululeko yokwenza lokho okufunwa ngumthetho. Ngaphandle kukaKristu, ayikho lenkululeko. Lowo oyisigqila sesono Uthola kungenzeka Ukwenza okulungileyo afuna ukukwenza (buka u-Rom. 7:15, 18).

Uwugcina kahle kangakanani umthetho na? Ubeka eceleni yonke imicabango yokuzuza usindiso ngomthetho, ngabe impilo yakho yileyo “ukulunga komthetho” kugcwaliseke kuyo na? Uma kungenjalo, kungani na? Yiziphi izaba eziyize ozisebenzisayo zokuvikela ukuziphatha kwakho na?

Inyama noma Umoya

“Labo abangokwenyama banaka okwenyama; kodwa labo abakaMoya banaka okukaMoya. Ngokuba ukunaka kwenyama kungukufa; kodwa ukunaka kukaMoya kungukuphila nokuthula” (Rom. 8:5, 6). Gxila kulezizindimana. Yimuphi umyalezo oqhamuka kuzo na? zithini ngandlela ophila ngayo impilo yakho na?

“Ngemuva,” lapha, usetshenziswe ngokomqondo ka “ngokwe” (Greek *kata*). “Ingqondo” lapha ichaza ukucabanga ngokuthile. Enye ingxenye yabantu icabanga ngokugcwalisa izinkanuko zenyama; enye icabanga ngezinto ZikaMoya, ukulandela izimisiso Zakhe. Ngenxa yokuthi ingqondo ihlela izezo, lamaqembu amabili aphile futhi enza ngokwehlukana.

Yini ingqondo yenyama engakwazi ukukwenza na? Rom. 8:7, 8.

Ukuthi othile ucabanga ngezinkanuko zenyama, empeleni, ngokuba sesimweni sobutha noNkulunkulu. Lowo ongqondo yakhe injalo akanandaba nokwenza intando kaNkulunkulu. Angaba ngohlubukile Kuye, futhi eweqa ngokusobala umthetho Wakhe. UPawule ufisa ikakhulu ukugcizelela ukuthi uma wehlukene ngoKristu, ngeke kwenzeke ukugcina umthetho kaNkulunkulu. Ngokuphinda-phinda uPawule ubuyela kulendikimba: noma ngabe othile ezama kangakanani, ngaphandle kukaKristu othile ngeke akwazi ukulalela umthetho kaNkulunkulu.

Inhloso ekhethekile kaPawule kwakungukugququzela amaJuda ngokuthi ayedinga okungaphezulu kwe-“Torah” yabo. Ngokuziphatha kwabo babekhombisile ukuthi, ngaphandle kokuba nesambulo esingcwele, babenecala lokwenza izono ezifanayo abeZizwe ababenecala lazo (Roma 2). Isifundo sakho konke lokhu sasingukuthi babedinga uMesiya. Ngaphandle Kwakhe babezoba yizigqila zesono, bangakwazi ukubalekela amandla aso. Lokhu kwakuyimpendulo kaPawule kulawomaJuda ayengaqondi ukuthi kungani lokho uNkulunkulu ayekunikezile bona KwiTestamente Elidala kwakungasanele ukusindiswa. UPawule wavuma ukuthi lokho ababekwenza kwakulungile konke, kodwa babedinga futhi ukwamukela uMesiya owayesefikile.

Buka impilo yakho emahoreni angu-24 edlule. Ngabe izezo zakho bekungezikaMoya noma inyama na? Impendulo yakho ikutshelani ngawe na? Uma kungezenyama, yiziphi izinguquko okumele uzenze, futhi ungazenza kanjani na?

UKristu Kini

UPawule uqhubeke nendikimba yakhe, eqhathanisa izinto ezimbili ezingenzeka abantu ababhekana nazo ngendlela abaphila ngayo: ngokukaMoya—okungukuthi uMoya oNgcwele kaNkulunkulu, esithenjiswa Yena—noma ngokwemvelo yabo yesono. Enye iholela ekuphileni kwaphakade, enye ekufeni kwaphakade. Akukho ukuba phakathi Nendawo. Noma njengoba uJesu asho: “ ‘Lowo ongekho kanye Nami umelene Nami, futhi lowo ongabuthi kanye Nami uyasaphaza’ ” (Mat. 12:30, NKJV). Kulukhuni ukuba sobala kunalokho.

Funda abaseRoma 8:9-14. Yini eyathenjiswa kulabo abazinikela ngokuphelele kuKristu na?

Impilo “esenyameni” yehlukaniswa ngempilo “kuMoya.” Impilo “kuMoya” ilawulwa nguMoya kaNkulunkulu, uMoya oNgcwele. Lapha kulesisahluko obizwa ngoMoya kaKristu, mhlawumbe ngokomqondo wokuthi umele uKristu, futhi Ngaye uKristu uhlala kwikholwa (Rom. 8:9, 10). Kulezizindimana, uPawule ubuyela kumfanekiso awusebenzisile KwabaseRoma 6:1-11. Ngokomfanekiso, embhabhathizweni “umzimba wesono”—okungukuthi, umzimba owawukhonza isono—uyabhujiswa. “Umuntu omdala ubethekwa kanye Naye” (Rom. 6:6). Kodwa, njengakumbhabhathizo, akunngewatshwa kuphela kunovuko futhi, ngakho-ke umuntu obhabhathiziwe uvukela ekuhambeni ekuphileni okusha. Lokhu kuchaza ukumbulala umina omdala. Isinqumo okumele sisenze, ngokwethu, nsuku zonke, mizuzu yonke. UNkulunkulu akayibubhisi inkululeko yomuntu. Nasemuva kokuba umuntu omdala ebhujisiwe, kusenokwenza wone. KwabaseKolose uPawule wabhala, “Bulalani amalungu enu alapha emhlabeni” (Kol. 3:5).

Ngalokho, ngemuva kokuphenduka kasazoba khona ukulwa nesono. Umehluko ngukuthi umuntu okukuye kuhlala uMoya manje unamandla ezulu okunqoba. Ngale kwalokho, ngenxa yokuthi lowomuntu ngokumangalisayo uhlangiwe ebugqilini besono, usezimisele ukungaphinde akhonze isono futhi.

Gxila kumqondo wokuthi uMoya kaNkulunkulu, owavusa uJesu ekufeni, nguyena ohlala ohlala kithi uma simvumela. Cabanga ngamandla akhona kithina! Yini esivimbelayo ukuba sizinikele Kuye njengalokhu kufanele na?

Umoya WokuNtwana

UPawule ubuchaza kanjani ubudlelwane Obusha ngoKristu na? Rom. 8:15. Iiphi ithemba esilithola kulesisithembiso na? Silenza kanjani libe yiqiniso ezimpilweni zethu na?

Lobubudlelwane Obusha buchazwa njengenkululeko ekwesabeni. Isigqila sisebigqilini. Sihlala esimweni sokwesaba njalo inkosi yaso. Ngeke sizuze lutho ngeminyaka yaso eminingi yokusebenza. Akunjalo kulowo owamukela uJesu Kristu. Okokuqala, ukhonza ngokuzinikela. Okwesibili, ukhonza ngaphandle kokwesaba, ngokuba “uthando olupheleleyo luxosha ukwesaba” (1 Johane 4:18). Okwesithathu, enziwe waba ngmntwana, uba yindlalifa yefa legugu lenani eliphezulu. “Umoya wokuboshwa uhamibisana nokufuna ukuphila ngokwenkolo yomthetho, ngokuzama ukungcwalisa izimfuno zomthetho ngamandla ethu. Sinethemba kuphela lapho singena ngaphansi kwesivumelwano sika-Abrahama, okuyisivumelwano somusa ngokukholwa kuKristu Jesu.”—Ellen G. White Comments, *The SDA Bible Commentary*, vol. 6, p. 1077.

Yini esinikeza Isiqiniseko sokuthi ngeqiniso uNkulunkulu usesamukele njengabantwana na? Rom. 8:16.

Ubufakazi obungaphakathi bukaMoya buqinisa Ukwamukeleka kwethu. Nakuba kungaphephile ukuhamba ngokwemizwa nje, labo abalandeli ukukhanya Kwezwi kangangokuba benako ekuqondeni kwabo bazozwa izwi ngaphakathi eliqinisekisekisayo ukuthi bamukelekile njengabantwana bakaNkulunkulu. Nembala, abaseRoma 8:17 basitshela ukuthi siyizindlalifa; okungukuthi, sinyingxenye yomndeni kaNkulunkulu, futhi njengezindlalifa, njengabantwana, samukela ifa elimangalisayo kuBaba wethu. Asilizuzi; silinikezwa ngenxa yesimo sethu Esisha kuNkulunkulu, isimo esinikwe thina ngomusa Wkahe, owenziwe wabakhona kithi ngokufa kuJesu esikhundleni sethu.

Usondele kangakanani kuJehova na? Ngabe umazi ngempela, wazi nje Ngaye na? Yiziphi izinguquko okumele uzenze empilweni yakho ukuze ube nobudlelwane noMdali noMhlengi wakho na? Yini ekudonsela emuva, futhi kungani na?

Cabanga Kabanzi:

“Icebo losindiso alinikezi amakholwa impilo engenakuhlupheka ngeneno kombuso. Ngokwehlukile, lusibizela ekulendeleni uKristu endleleni efanayo yokuzidela nehlazo. . . . Kungalokhu kuhlupheka nokushushiswa lapho isimilo sikaKristu sakheka futhi sibonakala kubantu Bakhe. . . . ngokwabelana ekuhluphekeni kukaKristu siyafundiswa futhi sihlwaywe futhi senziwe silungele ukuba nesabelo enkazimulweni ezayo.”—*The SDA Bible Commentary*, vol. 6, pp. 568, 569. “Isixhumanisi esehliswe sisuka esihlalweni sikaNkulunkulu side ngokwanele ukufinyelela ekujuleni okujulile. UKristu uyakwazi ukuphakamisa lowo oyisoni kakhulu amkhiphe emgodini wehlazo, ambeke endaweni lapho ezokwaziwa njengomtwana kaNkulunkulu, indlalifa noKristu efeni elingabuniyo.”—Ellen G. White, *Testimonies for the Church*, vol. 7, p. 229. “Lowo owayehlonishwa kulo lonke izulu weza kulomhlaba ukuzoma ngesimo somuntu ekuqaleni kwesintu, efakaza ezingelosini eziwile nakwizakhamuzi zemihlaba engawanga ukuthi ngosizo lwezulu oluhlinzekiwe, wonke umuntu angahamba endleleni yokulalela imiyalelo kaNkulunkulu. . . . “Inhlawulo yethu isikhokhiwe nguMsindisi wethu. Akekho okumele abeyisigqila sikaSathane. UKristu umi phambi kwethu njengomsizi wethu onamandla.”—Ellen G. White, *Selected Messages*, book 1, p. 309.

Imbuzo Yokuxoxisana:

1. Funda futhi isicaphuno ezivela ku-Ellen G. White esigabeni sangoLwesihlanu. Iiiphi ithemba esingazithathela lona kuzo na? Okusemqoka kakhulu, singazenza kanjani lezizithembiso zokunqoba zibe yiqiniso ezimpilweni zethu na? Kungani, sekukuninga kangaka esinikezwe kona kuKristu, sisa qhubeka nokusilela kulokho esimele ukuba yikho na?
2. Yiziphi izindlela eziphathekayo ongaba ngazo nomqondo “ogxile . . . ezintweni ZikaMoya” (Rom. 8:5, RSV). Kuchaza ukuthini lokhu na? Yini efiswa nguMoya na? Yini oyibukayo, oyifundayo, noma oyicabangayo eyenza kube lukhuni ukuba ufinyelele kuko empilweni yakho na?
3. Gxila kakhulu emqondweni wokuthi singakuloluhlangothi noma kolunye kwimpikiswano enkulu, akukho ukuba phakathi Nendawo. Leliqiniso ligudlisani na? Lokhu kubona leliqiniso elibalulekile kumele liyithinte kanjani indela esiphila ngayo kaye nezinqumo esizenzayo, nasezintweni ezincane na?

